


UBUFAKAZI ELWANDLE

 Singakakhothamisi amakhanda ethu ukuze sikhuleke, ngizathanda ukubala okunye kweLizwi likaNkulunkulu. Ngihlezi ngithanda ukubala iLizwi Lakhe; ngoba amazwi ami azakwehluleka, angumuntu, kodwa iLizwi Lakhe angeke lehluleke. Futhi lina elilandelela isifundo, lokunjalo, kasibaleni kuMathewu isahluko 14, lobubusuku, siqala ngendima 22.

Futhi uJesu masinyane wacindezela abafundi bakhe ukuba bangene emkhunjini, bamandulele ngaphetsheya, aze amukise amaxuku.

Kwathi lapho esemukise amaxuku, wenyukela entabeni ukuba akhuleke: futhi lapho... intambama isifikile, wayelapho eyedwa.

Kodwa umkhumbi wawusuphakathi kolwandle, utshukunyiswa ngamagasaki: ngoba umoya wawuphambene labo.

Futhi ngesikhathi somlindo wesine wobusuku uJesu weza kubo, ehamba phezu kolwandle.

Futhi abafundi bathi bembona ehamba phezu kolwandle, bakhathazeka, besithi, kungumoya; futhi bakhala ngokwesaba.

Kodwa uJesu wakhuluma kubo masinyane, esithi, Manini isibindi; Yimi; lingesabi.

² Masikhothamise amakhanda ethu khathesi ukuba sikhuleke. Lapho amakhanda ethu lenhliziyo zikhotheme phambi kukaNkulunkulu, kungaba lesidingo esakhiweni, lobubusuku, leso elizathanda ukusazisa kuNkulunkulu, ngokuphakamisela izandla zakho, futhi lokukhunjulwa emkhulekweni? INkosi ikhangele kuwe, ibelesihawu kithi.

³ Baba wethu oseZulwini, siza manje eBukhloneni Bakho, ngendlela langeBizo leNkosi uJesu. Sisazi, kanye lesibusiso esiqinisekileyo, leso Asithembisa sona, nxa thina singa “cela lobayini” eBizweni Lakhe, ukuba Uzasipha khona. Silokubonga ngalokhu. Amazwi angeke atshengisele indlela esizwa ngayo, ngokuqiniseka esilakho, ukuthi Usilalele khathesi nje.

⁴ Ubonlezo zandla, Nkosi. Uyakwazi lokho abakudingayo. Ungokwazi konke, ulamandla wonke, unguNkulunkulu ongelamkhawulo, futhi siyakwazi ukuthi Wena uyazazi inhliziyu zabantu. Wayazi imicabango yethu. Lokuba singakadalwa, Wazi wonke umcabango lowo esasizakuba lawo, ngoba Awula mkhawulo.

⁵ Futhi siyakhuleka, Nkosi, kuleli hola, lapho izifiso zethu zifinyelela Kuwe, khangela phansi kusukela eZulwini, Nkosi,

futhi uthathe izicelo zethu enhliziyweni Yakho Wena, Nkosi, futhi usiphendule ngokwe notho Yakho eseNkazimulweni. Siphe izifiso zenhliziyo yethu, sithemba ukuthi yintando Yakho yobuNkulunkulu. Futhi siyakwazi ukuthi kuyintokozo Yakho enhle ukwenza intando Yakho.

⁶ Siphe ukuthululwa okukhulu koBukho Bakho, lobubusuku, njalo Nkosi. Silisa abagulayo. Sindisa abalahlekileyo, vusa labo abafileyo esonweni laseziphambekweni, futhi ubalethe eMpilweni entsha, lobubusuku. Makuthi sibone uJesu. Siyakucela ngeBizo Lakhe. Ameni.

⁷ Lingahlala phansi. Silusizi ukuthi kasanelisi ukutholela indawo abantu, ngenxa yendawo yokuhlala. Kodwa, kusukela ubusuku bokuqala, bathi babuyisela amaxuku amakhulu abantu, ngakho siyaxolisa kakhulu ngalokho. Futhi uMfowethu Grant nje akazange athole elinye ikamelo lakhiwe, kumbe, uku...ngiyakholwa kungo kwesenxele lapho abazakusondeza khona lokho isigabaniso. Oligugu, umfowethu oligugu lamuhla ungelile nxa ngingenza lokhu yinto yomnyaka ngomnyaka, ukubuyela eDallas, ebandleni lakhe. Ukunxuswa okukhulu njenga lokho, kuleli hola, lapho iminyango ivaleka ngokuphangisa, futhi-ke indoda ifuna ngiphenduke futhi ngikwenze into yomnyaka ngomnyaka, udaba. Ngiyakuthakazelela lokho.

⁸ Ngibe lesikhathi sobudlelwano kanye labo lokhu kusa, kanye loMfowethu uGordon Lindsay labanengi babo. UMfowethu Peary Green, lowo ongumsekeli womhlangano ezayo phansi eBeaumont, ehlezi ngemuva kwami lapha kulobubusuku. Futhi labanengi, abangani bethu, uMfowethu Don lomkakhe. Siyajabula ukuba labo lapha. INkosi ibabusise.

⁹ Khathesi, lobubusuku, nje...bengizama ukwenza iMibiko yami nje ibe lula ngokungakwaniseka, ukuze ukuthi loba umntwana angayizwisisa yona.

¹⁰ Kusasa emini yinkonzo yokuvangela, futhi ngiyafisa ukuthi lingabuya lonke.

¹¹ Manje nxa lilenkonzo emabandleni enu, ngani, u—uhlale lapho o—lapho ongenela khona. Kasifuni ukuthi kubelomuntu ozatshiya ibandla lakhe, uku...Futhi-ke nxa ugula futhi ufuna ukubuya ukuzo khulekelwa, futhi ibandla lakho lisiba lenkonzo kusasa emini, khuluma lomalusi wakho mayelana ngakho, ukuze angacabangi kubi, liyazi. Mazise ukuthi silapha ngokusebenzelana, uku—ukusiza uMzimba wonke kaJesu Khristu lowo osehambweni lapha eDallas lezinye zonke indawo.

¹² Ngakho, kusasa emini, ngicabanga, ngehola lesibili lengxenyane, ngizakhuluma uMbiko wokuvangela. Futhi-ke sizakhulekela bonke abantu abagulayo, sidobe wonke amakhadi wokukhulekelwa lezinto lezo ezitshiyiweyo phakathi kweviki, futhi sizikhulekele zonke kusasa.

¹³ Manje isifundo sami lobubusuku sinjengomdlalo omcinyane, okwesikhatshana nje esilutshwana. Futhi ngizazama ukungena phakathi lobubusuku njengenginga kwenelisa, ekukhulekeleni abagulayo. Isifundo sami ngesokuthi, “ungesabi, yiMi,” uJesu ekhuluma. Isifundo sami ngesokuthi: *Ubufakazi ELwandle*.

¹⁴ Kwakufanele kube yimini yantambama, ilanga lalimele lisiyatshona lapha lokhu kuthathi ndawo, futhi manje kwakufanele kube kulusuku olutshisayo phose njengalokho okuyikho phakathi lapha.

¹⁵ Umtshina wokuqandisa kawusebenzi, futhi bayawulungisa. Yiso isizatho ngintshintshe isifundo sami ngisasele, lokho engangizakuya khuluma mayelana ngakho, ukuze ngiphangise ngaso, ukuze lingaze lihlale okutshisa khona njengalokhu.

¹⁶ Lumgoli wenhlanzi omkhulu, emva kokubona lokho ayebe lakho phakathi kosuku, ekhangele uJesu kunkonzo yakhe Enkulu.

¹⁷ Ngangithanda ukuphila kulolosuku, ukuMlandela. Kodwa, uyazi, ngiyathokoza ngisaselethuba lokwenza into efanayo, ukumkhangela Esenza izinto. Futhi kukhulu ukuMkhangela lamuhla kulakho okwakuyikho leso sikhathi. futhi ngilokukholwa okukhulu Kuye manje, futhi ngingaba lokholo olunengi manje kulalolu engangingaba lalo kuleso sikhathi, ngoba sibe leminyaka eyizinkulungwane ezimbili ukutshengisela ukuthi iVangeli liqondile. Futhi emva kweminyaka ezinkulungwane ezimbili, Ulokhe esaphila, esenza njengalokho Ayekwenza leso sikhathi, ngakho silesiqiniseko esikhulu lesisekelo esikhulu sokholo khathesi kulalokho ababelakho leso sikhathi.

¹⁸ Ngoba, WayenguMuntu ehamba kanye lokuzitsho ukuthi—ukuthi Wayethunywe evela kuNkulunkulu futhi wayeyiNdodana kaNkulunkulu, lokuthi uNkulunkulu wayeqinisa iLizwi Lakhe elathenjiswa lalolosuku, ngaYe, futhi babelesizatho sokukuthandabuza. Izazi zenkolo, zazinjalo! Futhi nanzelela kwakuyinto elusizi, kwakulusizi sibili, ngoba zona izazi zenkolo zazingakholwa Ukuthi nxa uNkulunkulu engazange aphumputhekise amehlo abo. IBhayibhili latsho njalo.

¹⁹ Futhi belikwazi Wathembisa ukuthi Wayeza phumputhekisa amehlo abo njalo lamuhla, ukuthi abasoze baKubone? Babezakuba “ngaba lamakhanda awomileyo, abazikhukhumezayo, abathanda intokozo kulokuthanda uNkulunkulu, abephula izivumelwano, abahlebayo, abangasuthisekiyo, abayeyisa labo abenza okuhle; belesimo sokukhonza uNkulunkulu, kodwa aMandla akho bewaphika.” Khona kanye isithembiso siphindakala. Futhi awungeke wenze lutho kodwa ubazwele abantu, lamehlo abo ephumputhekisiwe kuze kube yilolusuku. NgeMibhalo leyo uNkulunkulu

ayithembisileyo leyo ezakugcwaliseka khona kulolusuku, kuleli hola, futhi sikukhangele khona futhi siyakubona. Futhi-ke abantu bayakhangele, futhi banyikinye ikhanda labo futhi bahambe, bathi, “kangikuboni Khona.” Kuyinto elusizi, kodwa kukanti iMibhalo kufanele igcwaliseke. Kufanele kube ngaleyo ndlela.

²⁰ Ngakho abafundi laba bebekhethwe nguNkulunkulu. Uyananzelela, uJesu wabatshela, “Ngaphambi kokudatshulwa komhlaba,” Wabakhetha, futhi babe yimbewu egcotshiweyo kaNkulunkulu. Yiso isizatho lapho inhlupho zibuya, futhi abantu bakhangeleka sengathi bavimbele uJesu ekhoni, ngombuzo, kwakungela mbuzo kubo. Kabazange bakuzwisise, kodwa babezimisele ukungazi olunye ulutho kodwa Yena. “Wena kuphela uleLizwi lokuPhila.” Futhi babezimisele ukuhlala kanye Lalo, ngoba babegcotshelwe isikhundla lesa.

²¹ Futhike kuyikho lamuhla, ukuthi amadoda labafazi, labo abagcotshelwe ukuPhila okulaPhakade bazakuza ekuPhileni okulaPhakade. “Bonke uBaba aNginikeze bona bakuzakuza kiMi.” Lelo liLizwi Lakhe, futhi lokho angeke kwahluleke. Ku—kuliLizwi likaNkulunkulu.

²² Futhi siyabona lababafundi manje, labo ababelomhlangano omkhulu lolosuku, phandle ensimini enkulu ngaseceleni kwentaba. Futhi uJesu waye batshelile bona, “Manje lina hamanini phambili ngaphetsheya kolwandle, phambi Kwami.” Futhi Wayesiya phezulu entabeni, eyedwa, ukuyakhuleka. Futhi abafundi laba, emva kokuhlangana labangane, ngiyakucabanga nje khona ukuthi babesizwa njani.

²³ Ngoba, ukuhlangana labangane, futhi-ke wahlukane kanye labangane; khona nje ngesikhathi usanda kujwayelana, khona-ke ubususithi lisale kahle. Futhi lokho bekuhlezi kungathi yibuhlungu benhliziyo kimi, elizweni lonke, emhlabeni jikelele, bekuyikuhlangana labangane futhi-ke ubatshiye, usazi ukuthi kulabanengi ongasoze ubabone njalo futhi uze uhlangane labo ekwaHlulelweni. Kungathi yindaba edanisayo.

²⁴ Kungathi ngiyabona isikepe, la—laphambi kwaso kufuqelwe ekhunjini. Futhi kufanele kungu Simoni Phetro, kanye lengalo eziqatha lamahlombe, owafuqa isikepe lapho futhi wasingenisa phakathi elwandle. Futhi bonke babezungeza lisale kahle kulabo ababesekhunjini. Futhi babehlaba umkhosi, “Liphenduke njalo futhi lilethe uMfundisi ngapha ukuthi azesibona! Futhi libuye lizokuba lenye imvuselelo; sibusisiswe kakhulu lamuhla!” Futhi labangane abatsha bezungeza. Futhi wakhweza abanye bonke abafundi, futhi wahlala phansi khona-ke ngaseceleni komfowakhe, uAndriya, futhi wasedobha izigwedlo.

²⁵ I—imkhumbi ngaleso sikhathi yayifuqwa kungaba ngumoya kumbe ngezigwedlo lezo ababezi donsa. Futhi-ke mhlawumbe

babeyabe behlezi bebabili emkhunjini, ababili ngecele linye, futhi babe...kumbe ababili esihlalweni sinye, kumbe, mhlawumbe eziyisithupha kumbe eziyisificaminwembali izikhala zezigwedlo. Babedonsa ngesikhathi, futhi ngaleyo ndlela babengabamba isikepe emqolweni waso lapho iziphepho sezikhona. Khona-ke, umoya uvunguza ngokujwayelekileyo, babephakamisa iseyili elibamba umoya, futhi behanjiswe ngumoya.

²⁶ Kufanele kwakuyimini etshisayo, ekukhangelekeni koMbhalo ngaphambi kwesenzakalo lesi, futhike kufanele ukuba bekuthule sibili, libalele, imini etshisayo. Ilanga laselitshona. Futhi babe, lapho begwedla, futhi-ke bakhulula futhi bazungeza lisale kahle ebantwani, “Sithemba ukulibona njalo kwesinye isikhathi,” lapho bephuma bengena elwandle. Futhi lelanga litshona, futhi kusihlwa ntambama, futhi-ke emva kwesikhathshana u—ubunyama bangena.

²⁷ Futhi bafanela sebethehe isiqubu esihle so—sokugwedla, futhi lowo ngumsebenzi onzima lapho lezo zigwedlo ezinkulu ezisindayo zitshona elwandle. Futhi abanengi babo babe—babengabagoli benhlanzi, futhi amadoda amakhulu aqinileyo, ababeywayele ulwandle. Futhike lapho bekhangelele uJesu ukungena esikepeni futhi abalandele bona lapho, khona masinyane. Ngani, baphuma phandle lapho, futhi kwakufanele ukuthi basitshiye sizihambela sodwa kancinyane; sengathi umkhumbi wakho uyahamba, futhi-ke basebeyeka uzihambela.

²⁸ Mhlawumbe uJohane omcinyane kwakufanele kube nguye owokuqala ukukhuluma, ngoba wayengomcinyane eqembini. Futhi kufanele kwakunguye lowo owathi, “Sengidinwa nje kancinyane. Kasi sisitshiyeni sizihambele sodwa kancinyane. Manini okomzuzu, asifanelanga sijah. Akakabuyi okwamanje, ngakho singalindela okwesikhathshana esincinyane singathi siyakhokha umoya omuhle.”

²⁹ Futhi lapho ehlala lapho lekhanda lakhe liphansi kancinyane, kufanele waqalisa umhlangano wobufakazi. Futhi yikho lokho engifuna ukhuluma ngakho. Kufanele kube nguye owasukuma kuqala, futhi wathi, “Bazalwane, loba abantu bengabe besithini, loba kanjani umuntu engazama ukungakholwa, ngiqinisekile sibili khathesi, emva kwalamuhla, ukuthi kasilandeli umkhohlisi. Silandela uNkulunkulu ogcweleyo, ngoba kakula muntu ongenza lokho Akwenzileyo lamuhla ngaphandle enguNkulunkulu. Uyazi, lapho Ethatha lawo mabhisikiti futhi wawahlephula, futhi wanikeza ukudla abazinkulungwane ezinhlanu lapho, leyo yinto emangalisayo kimi. Bekungaba lombuzo kuze kube lamuhla,” manje ngiphinda ubufakazi bakhe njengokuba bebunjalo, “kodwa lokho kwayiqeda indaba.”

³⁰ Wathi, “ngiyakhumbula iminyaka eminengi edluleyo. Nganghlala phansi duzane leJorodani. Futhi ngiyakhumbula, njengomfana omcinyane, ukuthi kanjani omuhle wami, umama wesiJuda wayevame ukungiphakamisa, emini, futhi angibeke phezu kwenyawo zakhe futhi angilolozele, phandle egosini, lapho amaluba amapopi ehluma ngaseceleni kokhunji lweJorodani. Futhi wayevame ukukhangela ngaphetsheya kwenhlane, lapho abantu bethu balethwa bedlula kuleihlane. Wayejwayele ukungitshela indaba zeBhayibhili. Eyinye yezindaba ezinkulu engizikhumbulayo, kwakungumfazi umShunami futhi lapho umfana wakhe esefile, futhi—futhi umprofethi wavusa lumfana omcinyane njalo evela ekufeni. Leyo kwakujwayele ukuba yindaba ethokozisayo kakhulu.

³¹ “Kodwa enye yezindaba ezithokozisayo kakhulu, futhi umama wayevame ukungitshela, wayesithi, ‘Manje, Johane, ungumfana omcinyane nje; kodwa ngifuna ukuthi ukhumbule, lapho ukhula usibamdala, ukuthi, uJehova omkhulu waletha abantu bethu phandle kweGibhithe, futhi seza sidlula kuleyonkangala sichapha umfula lapho. Futhi bonke okweminyaka engamatshumi amane, bahamba kuleyo nkangala, kungela ndawo yokuthola impahla, futhi kungela ndawo yokudla. Futhi uNkulunkulu wanisa phansi isinkwa sivela ezulwini, ubusuku ngobusuku, futhi wapha abantu bethu ukudla kuleyo nkangala, ngoba babesendleleni yomsebenzi, belandela uJehova omkhulu. Futhi khateshi, ngolunye usuku, uJehova uzakwenziwa abeyinyama lapha emhlabeni, esimweni soMuntu, Uzabizwa ngokuthi Ogcotshiweyo, uMesiya.’

³² “Futhi ngiyakhumbula,” wayesithi, “njengomfana omcinyane, ukuthi kanjani ingqondo yami encane yobufana yayivame ukucabangisisa, izama ukucabangisisa, ‘UNkulunkulu wapha kanjani ukudla bonke labo, abantu abayizigidi ezimbili lengxenye kuleyo nkangala? WaSithola kanjani sonke leso isinkwa?’ Futhi ngangivame ukubuza umama, ‘Mama, ngabe Yena, ngabe—ngabe uJehova elenqumbi enkulu yama oveni phezulu le esibhakabhakeni, futhi Waye pheka sonke isinkwa, futhi agijime phansi ebusuku asibeke phezu—phezu komhlabathi, ukwenzela abantu, futhi izibhakabhaka zikaJehova ezinkulu zigcwele ama oveni?’ Wayesithi, ‘Hatshi, ndodana, usasemcinyane ukuthi uzwisise. Bona, uJehova unguMdali. Akadingi maoveni. Uyakhuluma kuphela, futhi iLizwi Lakhe liya bonakaliswa lapho Ekhuluma. UnguJehova omkhulu, futhi Wakukhuluma nje. Futhi iNgilosu zakwaba phansi emhlabathini, ukwenzela abantu.’

³³ “Futhi lamuhla, lapho Ngimbona emile laphana, like lananzelela lokho kubonakala kobuso Bakhe? Kwakungela kuthandabuza engqondweni Yakhe. Ngakhwela phezu kwedwala ngemuva, futhi Ngamkhangela lapho Ethatha isinkwa leso futhi wasihlephula, futhi wasinikeza kuba...

Abatshumayeli bakhe, thina, ukusabela ebantwini. Futhi-ke lapho Ebuyela ngemuva ukusihlephula njalo, leso sinkwa sasesigcwele njalo. Futhi Wakwenza lokho izikhathi ezingaba ngamakhulu, kwaze kwathi wonke umuntu wasutha, futhi kwaba lamabhasikiti, agcweleyo, athathwayo. Ngiyakwazi ukuthi angeke abengaphansi kokuba nguJehova, ngoba Wenza njengalokho uJehova akwenzayo. NguJehova kuphela ongadala. Futhi ngiyazi ukuthi leyo Ndoda kayisuye mkhohlisi. KuloMdali oyedwa kuphela futhi lowo nguJehova. Futhi khathesi, kuzo zonke izinto lezo engizibonileyo, lokho kungi suthisile.

³⁴ “Ngifuna ukuthi libekwazi khathesi ukuthi inhliziyoyami inikeziwe ngokupheleleyo, Futhi ngiyakholwa ngokugcweleyo ukuthi Akasuye umprofethi nje. Ungumprofethi, kodwa Udlula umprofethi. Akusilutho olungaphansi kukaJehova uNkulunkulu ehlala phakathi kwethu, ngoba Wadala isinkwa, futhi Waye lemikhuba kaJehova. Yikho kungamangalisi Wayesithi, ‘Nxa ngingenzi imisebenzi kaBaba Wami, khona-ke lingaNgikhholwa; kodwa nxa Ngisenza imisebenzi kaBaba Wami, futhi lingeke liNgikhholwe, kholwani imisebenzi, ngoba iyafakaza Ngami futhi itsho ukuthi NginguBani.’ Kwakhangeleka sengathi abantu babengabe bekubonile lokho, kalula.”

³⁵ Futhi uJohane wayesesuthisekile ukuthi Waye nguMesiya, loWo uSaya owathi “Sizalelwe iNdodana, futhi iBizo Lakhe lizakuthiwa nguMeluleki, iNkosana yokuThula, uNkulunkulu olaMandla, uBaba ongaPheliyo.” Futhi uJohane wayesesuthisekile ngalokho ayekubonile. Umfo omncinyane esipha ubufakazi bakhe.

³⁶ Phose ngaleso isikhathi, uSimoni Phetro wathi, “Awu, manje, okomzuzu. Uba sizakuba lomhlangano wobufakazi, ngizathanda ukuba lolunye ulutho lokukhuluma. Liyazi, ngangivele ngile nsolo ngento yonke, lapho uAndreyana umfowami, lowo owayekhona emvuselelweni kaJohane umprofethi, lowo owayefakaze ukuthi uMesiya wayesiza futhi wayeza kuMazisa. Futhi ngangilokusola kancinyane ngalokho uAndreyana ayengitshela khona, ngoba sengezwa yonke imihlobo yezindaba ngoMesiya layo yonke into.

³⁷ “Kodwa lonke lina bazalwane khumbulani ubaba wami oluphelelo. Ibizo lakhe kwakunguJonasi. Futhi liyamkhumbula, okokuthi wayelikholwa eligxilileyo okunganani. Ukuthi ngikhumbula kanjani umama lobaba, lathi thina sonke, lapho sigola inhlanzi ukuze siphile, futhi sasingabambi inhlanzi; sasifuna isinkwa, futhi lokuthi sasisiya njani phansi esibuyeni futhi sikhuleke kuNkulunkulu, ‘Siphe ukuba sibambe lamuhla, Nkulunkulu, ukuthi senelise ukuthengisa inhlanzi zethu, futhi sibhadale izikwelede zethu, sibe lokudla ukuthi sidle.’ Futhi lokuthi sasisiya njani phandle elwandle, esiphephweni, futhi sibelesibindi so—sokukhangelana lalezo ziphepho.

³⁸ “Futhi ubaba, ngiyabona inwele zakhe ezimpunga zilenga phansi emhlane wakhe, ngolunye usuku ehlezi phezu kwentambo yokudonsa ngayo iseyili yesikepe futhi wakhuluma lami, esithi, ‘Simoni uyindodana yami endala. Liyazi, ngihlezi ngikholwa, Simoni, ukuthi ngizabona uMesiya. Abantu bethu babeMkhangelele kusukela eEdeni. Futhi sileqiniso ukuthi Uyabuya, loba kuthatha isikhathi eside kangamani. Lokho kube yiminyaka eyizinkulungwane ezine ezedluleyo, uyatsho. Kodwa ngiyakholwa ukuthi uMesiya uzabuya. Futhi wonke umJuda ukholwe ukuthi uzabona uMesiya esizukulwaneni sakhe. Ngiyathemba Ukumbona esizukulwaneni sami. Kodwa kukhangeleka sengathi, sengisiba mdala khathesi, kufanele ngimise ulwandle, futhi ngithola izinhlungu lokufuthelwa, mhlawumbe angisoze ngiMbone ngesikhathi sami. Kodwa mhlawumbe uzabona, ndodana yami.

³⁹ “Futhi ngifuna ukukufundisa eMibhalweni. Ndodana, ngaphambi kokuba uMesiya aze enkundleni, kuzakuba lenhlobo zonke zezinto ezizakwenzakala, inhlobo zonke zezinto zamanga, ngoba uSathane uzakwenza lokho, ukubulala imfunzelelo kaMesiya weqiniso lapho Esiza.” Kuhlezi kungaleyo ndlela; lokhe kuyileyo ndlela.

⁴⁰ Futhi-ke siyathola ukuthi, wathi, “Ngiyakhumbula wabeka ingalo yakhe kimi, wathi, ‘Ndodana, kulendlela eyodwa kuphela leyo ozakwenelisa ukubona ngayo lowo Mesiya. Manje sesibe leminyaka engamakhulu singela lamprofethi. UMalaki wayenguprofethi wethu wokucina. Leyo sekube yiminyaka engamakhulu amane eyedlulayo, asikabi lomprofethi. Kodwa khumbula, uMose wasitshela, eMibhalweni, ukuthi, lapho uMesiya esiza, Uzakuba ngumprofethi, lapho Evuka esiza enkundleni. Thina amaJuda siyafundiswa ukukholwa umprofethi. Futhi uhambo luka Mesiya emhlabeni liLizwi elikhulunyiweyo likaNkulunkulu, lelo Asithembisa lona. Futhi iLizwi lihlezi lisiza kumprofethi, futhi umprofethi uqinisa iLizwi lelo. Ungakukhohlwa lokho, ndodana! Kungaba lezinto ezinkulu eziphakamayo, kungaba lokwamadlabuzane okukhulu le—lezinto ezinkulu. Kodwa khumbula, uMesiya uzakuba ngumprofethi, ngoba siyakwazi ukuthi uNkulunkulu akantshintshi indlela Zakhe, futhi Wathi uMesiya uzakuba ngumprofethi. Ngakho khumbula, ndodana, abaprofethi yilabo abale Lizwi likaNkulunkulu. Futhi lapho uMesiya esiza, Uzakuba ngumprofethi.’

⁴¹ “Ngilokku ngisezwa ingalo yakhe,” watsho uSimoni, “lapho eyibeka ngakimi. Futhi uAndreya wayemile lapho egezisa imbule, kuleso sikhathi. Uyakukhumbula, Andreya?”

“Yebo, Simoni, ngi—ngiyakukhumbula.”

⁴² “Futhi uAndreya ezama ukungitshela ukuthi luJohane wayengumprofethi. Ngangilezinye izinto zokwenza,

kwakufanele ngithengise inhlanzi lezinto. Ngakho ubaba useleminya efile, kodwa ngihleli ngikugcinile lokho engqondweni; ubaba wathi, ‘LuMesiya uzakuba ngumprofethi obonakaliswa ngoMbhala, futhi ungakukhohlwa, ngoba liLizwi elikhulunyiweyo likaNkulunkulu. Futhi lelo Lizwi lihlezi kokuphela lisiza kubaprofethi; labo abalibonakalisayo, kumbe babonakalisa lokho okwathenjiswa esikhathini.’”

⁴³ Futhi khathesi uSimoni, “Ngolunye usuku,” wathi, wathi “liyazi, uAndreya wangicela ukuba ngiye emhlanganweni. Futhi ngaya phansi khonale emhlanganweni lapho luMfo, uJesu, ayekhona. Futhi ngangizwe inhlobo zonke zamahungahunga. KwakuloJesu owavukayo, ngaphambi Kwakhe, owathembisa ukuba ngenye into enkulu, wakhokhelela phandle abangamakhulu amane phandle futhi bonke babhubha, lokunjalo. Ngacabanga kwaku ngokunye kwalolo hlobo, kanye lohlobo oluthile lwamadlabuzane lwenye imvuselelo enkulu kumbe enye inhlanganiso yesonto ababezayenza. Kodwa ngolunye usuku ngacabanga ukuthi ngizahamba loAndreya lapha, umfowethu.”

⁴⁴ Futhi ngibona sengathi, phose ngaleso sikhathi, isikepe saqala kunyikinya. Omunye waqala ukumemeza, futhi wathi, “Hlala phansi! Ungazunguzi isikepe. Mana okomzuzu. Hlala uthule.”

⁴⁵ Futhi wathi, “Uyazi, lapho ngisiya phansi lapho futhi ngeza ebusweni Bakhe, okokuqala, Wangikhangela khona kanye emehlweni futhi wangitshela ukuthi ibizo lami kwakungubani. Wayengakaze angibone ngaphambilini. Kazange Angazi kuphela, kodwa Wazi lowo baba wami omdala olobunkulunkulu, owangilayayo eMibhalweni. Futhi ngaba kwazi ukuthi Lowo kwaku nguMesiya. Lokho kwayiqeda indaba kimi, khona lapho. Lokho kwakunjalo. Lokho kwakwenza kwalunga, kimi.”

⁴⁶ Kufanele kube nguFiliphu owathi, “Ngingatsho ilizwi lapha?” Manje wathi, “Mfowethu Nathaniyeli, ungakuvumeli lokho kukuzwise ubuhlungu; ngoba, uyazi safunda imiqeli okweminyaka leminyaka, lokho uMesiya azakuba yikho. Kodwa lapho ngiMbona esenza lokho, ngasuka futhi ngathatha umngane wami lapha, uNathaniyeli. Futhi lapho esiza lapha...”

UNathaniyeli wathi, “Makuthi ngikukhulume. Makuthi ngikukhulume.”

⁴⁷ O, uyazi, kulenye into mayelana ngoJesu ekwenzele enye into, a—awungeke nje ukwanise ukuma, kufanele uyikhulume, ngokwakho. Akunjalona? Uba kungenye into eqotho, kufanele ukuthi uyikhulume. Lapho Engigcwalisa ngoMoya oNgcwele, ngifuna ukukhuluma ngakho. Ngifuna omunye abekwazi ngakho. Hatshi omunye ekukhuluma; ngifuna ukukutsho, ngokwami.

48 Futhi nje ungathi ngiyabona, uNathaniyeli waba lamadlabuzane futhi wathi, “Uyazi, ngithanda ukukutsho lokhu. Ngangi lensolo kancinyane ngawe, Filiphu, lapho ungitshela. Ngakubuza, ‘Kungaba lolutho oluhle olungaphuma eNazaretha?’ Futhi wangipha impendulo enkulu loba ngubani owake waba layo, ‘Woza ubone.’” Lokho kusebenza kuhle lamuhla. Kunjalo. Ungahlali endlini uchothoze. Woza, uzibonele ngokwakho, bona. “Wathi, ‘Kungaba lolutho oluhle olungaphuma eNazaretha?’ Wathi, ‘Woza uzibonele ngokwakho.’ Futhi uyakwazi lokho owangitshela khona.

49 “Futhi lapho ngisiza eBukhloneni Bakhe, futhi Wangitshela ukuthi ngangi ‘ngu—ngumHebheru, umIsrayeli, futhi ngangiyindoda ethembekileyo,’ ngangikwazi lokho.

50 “Kodwa ngamangala, ‘Kungaba njani?’ Wakhangeleka njengo muntukazana. Ngangikhangelele uMesiya ukwehla phansi ngezindlela zegolide evela eZulwini, khona phansi enhlokweni yenhlanganiso yesonto lapha, eJerusalema, aphume phandle futhi athi, ‘Khayifasi, seNgifikile.’ Kodwa bathola ukuthi, Waphuma eNazaretha, emulini engabayanga; futhi khona-ke uhlobo lwebizo elimnyama ngemuva Kwakhe, njengo ‘mtwana ozelwe okungekho ethethweni.’ Nangu Emile, egqoke impahla ezijwayelekileyo, hatshi njengompristi kumbe omunye umuntu; umuntukazana nje. Futhi ngacabanga, lapho ngihamba phezulu lapho, ‘Lowo angaba nguMesiya kanjani? Isembatho esisodwa esidala, Asigqoka kusukela Esasengumfo omncinyane, futhi lapha lesi sambatho esifanayo usigqokile; futhi lenwele Zakhe zilenga phansi ngemuva Kwakhe. Futhi njengomuntukazana wesitaladi.’

51 “Futhi Wangikhangela ebusweni, futhi wathi, ‘UFiliphu engakakubizi, lapho usasephansi kwesihlahla, Ngakubona.’ Lokho kwangiqeda indaba kimi. Ngabakwazi, ngeLizwi, lowo kwakunguMesiya. Lowo kwakuNguye.”

52 Futhi isikepe kufanele ukuthi sagudluzeka, futhi umhlangano wobufakazi wawuqhubeka. O, kuyisikhathi bani esimangalisayo ababelaso, phandle elwandle lapho, besiba lesikhathi esikhulu nje.

53 UAndreya wathi, “Ngizathanda ukukhuluma enye into engathi yangiphica okwesikhatsana. Liyakhumbula lapho sisi—sisiya phansi eJerikho? Wathi, ‘Kufanele senyuke; Kuyadingeka ukuba ngiye eSamariya.’ Ngakho, Wenyukela eSamariya futhi lapho edolobheni leSayika, lapho Esithuma sonke ukuyathenga okokudla edolobheni.”

54 “O, yebo, ngiyakukhumbula lokho, kakukhle!” Konke kwakho, “Yebo, yebo!” Isikepe sasi gudluzeka nje, wonke umuntu esiba lobufakazi obuhle emva kokuba invuselelo isiphelile. Ngakho babelo mhlangano lowu wobufakazi.

55 Futhi wathi, “Yebo, futhi liyakhumbula sasolobela, futhi, okwasimangalisayo, sabona uMfundisi wethu ekhuluma lesifebe esaziwayo. ‘Uh-huh,’ sacabanga, ‘lokho kubi. UMkhangeleni phandle le ekhuluma lalumfazi omncane. Futhi wasithuma, futhi Nangu lapha phandle lomfazi olodumo olubi ehlezi lapha.’ Khumbula, sasimile nje ngemuva kwezixuku, futhi salalela inkulumo yabo.

56 “Futhi samuzwa Esithi kuye, ‘Mfazi, hamba uyethatha indoda yakho futhi ubuye lapha.’

57 “Futhi sathi, ‘Awu, singabe siphambanisile, mhlawumbe umfazi wendile okusemthethweni.’

58 “Futhi waMkhangelana emuva ebusweni, futhi wathi, ‘Mnumzana, kangila ndoda.’

59 “Liyakhumbula ukuthi inhliziyo zethu zehluleka kanjani? ‘UMesiya wethu omkhulu ebeselethemba kuye, lapha wabanjwa emangeni, sokumbuyelela, ngoba Wathi, “hamba uyethatha indoda yakho,” futhi wakufakaza ngokuphendula ukuthi wayengela ndoda. Manje sekuMphendukele.’ Khumbula ukuthi sonke sakhangeleka simangale kanjani, futhi lokuphefumula kwase kungasekho kithi?”

“Yebo, ngiyakukhumbula.”

60 “Futhi-ke uyakhumbula amazwi alandelayo? Wathi, ‘Ukhulume iqiniso, ngoba usube labahlanu, futhi lalowo ohlala laye khathesi kayisiye wakho.’ O, liyakhumbula umhlangano wobufakazi ngemuva kwesixuku? Minabo!” Bona, kawungeke Umbandezele. UguNkulunkulu. “O,” uSimoni wathi, “lokho nje . . .” UAndreya wathi, “Lokho kwaqeda indaba kimi.”

61 UBartolomewu wathi, “Manini, ngizathanda ukufaka ubufakazi. Ngingakwenza, bazalwane?”

62 “O, awu, ngiyathemba ungakwenza, silesikhathi esinengi. Akakabuyi, ngakho sizahamba kancane. Qhubekela phambili, Bartolomewu, wena fakaza.”

63 “Awu, enye yezinto ezinkulu kimi. Liyakhumbula udadewethu phansi eJerikho, othiwa nguRebekha?”

“Yebo.”

“Futhi indoda yakhe yayilendawo okuthengiswa khona ukudla phansi lapho.”

“Uh-huh.”

64 “Futhi—futhi waye ngusomabhizimusi, futhi ibizo lakhe lalinguZakhewu.”

“Yebo, yebo, ngiyamkhumbula kuhle.”

65 “Liyakhumbula, waye—wayengomunye wabodadewethu. Wayekholwe eNkosini, futhi wayesesaba ukuthi uZakhewu waye zayekela konke kusedlula engazange amukele uJesu. Futhi, o, uZakhewu waye ngumngane omuhle kumpristi lapho.

Futhi-ke wayekhuleka ukuthi enye into izakwenzakala ukuthi amehlo akhe azakuvuleka, futhi wayezanenzelela ukuthi lowu kwakunguMfundisi, leli kwakuliLizwi likaNkulunkulu eliqinisekileyo, lenziwa inyama phakathi kwethu. Futhi sazama ukumtshela... ukumtshela ngokuthi uJesu weNazaretha wayesazi izimfihlo zenzliziyo, etshengia ukuthi Waye liLizwi, ngoba iLizwi liyadalula imicabango enhliziyweni.

⁶⁶ “‘Umbhedo,’ wathi, ‘ngiyakholwa umpristi. Lokho umpristi akutshoyo kungilungele mina.’ ngoba waye ngena zonke i—ihlelo zedolobho, iKiwanis layonke enye into, liyazi, ngakho wa... kwakungathi kunzima kuye ukukuyekela lokho. Ngakho uRebekha waye sicelile sonke ukuthi sikhuleke, sikhuleke. Futhi sonke isikhathi sisiza kuyo indaba Waye ngumprofethi, wayesithi, ‘Umbhedo! Umpristi wathi, “Waye nguBhelizebhabhu. Ungudeveli. Wenza lokho ngamandla kadeveli. Futhi Ufunda ingqondo zabantu. Yikho kuphela okukhona kukho. Kakula lutho kukho.” Ngakho kakulanto enjalo kulolusuku; kasizange sibe labaprofethi okweminyaka engamakhulu. Futhi ngabe leyoNdoda, engela ngitsho lekhadhi lobudlelwano, Angabe engaba ngumprofethi kanjani? O, akula ndlela Ayengaba yinto enjalo!’

⁶⁷ “Kodwa, liyazi, uRebekha waqubeka ebambelele, umkakhe, futhi ekhuleka. Futhi ngokunye ukusa lapho uJesu esiza edolobheni, awu, manje-ke siyathola ukuthi, uRebekha wasitshela ukuthi uZakhewu wayephume phandle e—esitaladeni, ukuMbona. Ngakho akazange akholwe ukuthi Waye ngumprofethi, ngakho wathi, ‘Ngiza kuMkhangela kakuhle’ ukuthi wasifakazela kanjani okuthengiswa khona ukudla ngolunye usuku lapho sisidla. Ngakho wakhwela phezulu kwesihlahleni sesikhomo, futhi wathi, ‘Liyazi ukuthini, ngizazifihla nje ngokwami phezulu lapha ukuze Engangiboni. Ngingumfo omncinyane, kungenani, ngimfitshane kakhulu. Futhi ngingeke ngiMbone phansi lapho, ezixukwini, ngakho ngizakhwela nje phezulu lapha esihlahleni.’ Futhi wafika lapho ingatsha ezimbili—ezimbili ezihlangana khona, futhi lapho wahlala phansi, ngakulezo ngatsha.”

⁶⁸ Leyo yindawo enhle nje ukuhlala phansi futhi uyifunde. Yikho lapho indlela ezimbili ezihlangana khona, eyakho lekaNkulunkulu; imbono yakho. Leyo yinto enhle, ukuyi cabangisisa.

⁶⁹ “Ngakho wathi, ‘Liyazi ukuthini, Kufanele ukuthi ube ngumprofethi. Waye engaba nguye. Kungenzeka ngingabe ngiphambanisile. ngakho ngizalitshelela ukuthini, ngizaMkhangela kuhle; futhi Akasoze abengazi. Ngakho ngizathatha amahlamvu wonke futhi ngiwadonse phakathi njengalokhu, ngakimi, futhi ngizazifihla ngokwami ukuze Angangiboni lakancane. Futhi ngizaMkhangela lapho Esedlula ngalapha. Futhi nxa Engakhangeleki njengomuntu oqondileyo,

Ngizamupha isiqephu sengqondo Yami, ngihlezi phezulu lapha kulesi sihlahlala.’ Ngakho wakhangela, futhi waba lohlamvu ukuze aphakame phezulu futhi aMbone lapho esiza ngasejikweni.

⁷⁰ “Futhi lapho esiza ngasejikweni, esehla phansi ngasesitaladeni, liyazi, ekhangela kusukela kulelicele kusiya kwelinye, futhi labafundi besithi, ‘Mana eceleni. Ngilusizi.’ Futhi abantu labantwana abagulayo lezinto. ‘Ngilusizi, uMfundisi udinwe kabi; leyonkonzo enkulu ubusuku obedluleyo. Futhi, njenge ndoda emnene, ngiyacela nje ume eceleni futhi limekele Adlule. Awu, Wenza indlela Yakhe phansi edolobheni, futhi nje lingama eceleni?’ Futhi uZakhewu ehlezi phezulu lapho esihlahleni, ekhangele phansi Kuye.

⁷¹ “Futhi uJesu weza khona eqonde phansi kwesihlahla, wama, wakhangela phezulu futhi wathi, ‘Zakhewu, yehla phansi lapho. Nguya ngekhaya lawe okwa lamhlanje, okokudla kwantambama.’ Lokho kwaqeda indaba kimi. Wayesazi ukuthi wayephezulu lapho, futhi wazi ibizo lakhe, lokho ayeyikho. Lokho kwayiqeda indaba. Lowo nguMesiya, kimi. Yebo, mnumzana. Ngoba, siyakwazi uMesiya waye zakwenza lokho. Ngeqiniso. Ngakho kwakufanele Ahambe ngekhaya laye, wathi, lolosuku lokudla kwantambama. Kwakuyisikhathi esikhulu okunganani okwakuyiso! Siyakukhumbula.”

⁷² Liyazi, kufanele bekube yileso sikhathi, umhlangano wobufakazi uqhubeke. Liyazi, laba abafundi phandle le elwandle, befakaza, kufanele ukuthi kwaku phansi ebunyameni bobusuku kwenye indawo, phezulu ezweni lasenyakatho lapho, ukuthi uSathane kufanele wahamba phezulu entabeni futhi wakhangela phansi. Wakhangela kulowo mhlangano wobufakazi, futhi wathola ukuthi babesuke bahamba bengeLaye. Lapho kwaku lithuba lakhe.

⁷³ Bona, ngicabanga leyo nkundla isikuphendukile njalo, yaziphinda ngokwayo. Babelakho, phakathi kokutshiseka kwemvuselelo, basuka bahamba bengeLaye. Futhi ngiyakholwa ukuthi lokho ngokunengi okwenzakalayo kithi lamuhla, ukuthi, kuleli hola lokudideka, futhi ngemva kwaleyo imvuselelo enkulu leyo esiyifakazeleyo. Ithanyele wonke umhlaba. Sonke izizwe sibe lomlilo wemvuselelo wakhiwe, futhi uvutha; izinkonzo ezinkulu zokusiliswa; abantu besemukela uMoya oNgcwele, ngamatshumi ezinkulungwane aphindwe ngezinkulungwane. Futhi ekutshisekeni kwakho, njengalabo bafundi befakaza lokho Akwenzileyo, “futhi, o, siMbonile esenza *lokhu*, futhi siMbonile esenza *lokho*,” ngiyakholwa sisuke sahamba njengabo, singeLaye.

⁷⁴ Sisuke sahamba emathubeni amakhulu sibili lawo—lawo imvuselelo ewalethileyo. Sisuke sahamba emathubeni okwenza imali enengi, amabandla, sisakha izakhiwo ezinkulu,

izindawo ezinkulu zezigidi zamadola, izikolo ezinkulu, izinhlelo zemfundo, futhi sisenza inhlanganiso zamasono ethu zikhule. Futhi sisiba lenhlelo zesikhomanisi sethu, ukulwisa isikhomanisi, yikho kuphela esingakhuluma ngakho lamuhla. Futhi into yakuqala uyazi, uSathane usibonile enhlelweni zethu zokulwisa isikhomanisi, enhlelweni zethu ezinkulu zenhlanganiso yesonto, futhi “lesigidi esengeziweyo,” lokunjalo, njengalokho abalokho.

⁷⁵ Futhi sesisuke sahamba singela kukhuleka kwesikhathi sakudala lobhaphathizo lukaMoya oNgcwele luphenduka, kwaze kwathi umlilo usuze usubhebhela phansi. Ungamemeza, futhi uzame ukuletha abantu elathini, futhi bahamba sengathi phose bafile, besesaba ukubuya. Futhi-ke ucele abatshumayeli ukuthi babuye bezokhuleka labo, “O, ungiceleleni?” Futhi bayafika phansi lapho, futhi kawungeke ubathole kalula. Futhi bazakuma lapho nje okwenzuzo emilutshwane, bakukhangele, futhi babuyeke futhi bahlale phansi ezihlalweni zabo. Kimi, umlilo usucitshile! Enye into isiyenzakele. Lalela! Lokho esikufunayo yimvuselelo, ukuthi izoni, zikhangele kuKhristu, ziphenduke, zigijimele elathini kanye lezandla zabo ziphezulu, zikhalela isihawu, futhi lebandla lonke lilangabi lomlilo, ngenkazimulo kaNkulunkulu.

⁷⁶ Ukutshiseka kwethu lithuba lokwenza inhlanganiso zamasono ethu zikhule, sesakhe izikolo ezinkulu ukufundisa abatshumayeli bethu, futhi sibafuqele khatshana loNkulunkulu kulalokho ababeyikho ekuqaliseni. UNkulunkulu kaziwa ngemfundo. Akaziwa ngemfundo yezenkolo. UNkulunkulu waziwa ngokukholwa. Awungeke umchasisa uNkulunkulu. Wedlula ukuchasisa.

⁷⁷ Khangela lokho okukwenzileyo, thina abantu bePhentekhostali ababevame ukuba yiphentekhosti. Abafazi bethu sebegele inwele zabo; bezicomba. Amadoda ethu bayakuvumela. Abatshumayeli bethu bayakuvumela. Bayesaba ukutsho ulutho ngakho. Ibandla liyabakhuphela phandle uba bekwenza. O, uba singadingi ukuhlansa indlu, kusukela kuphuluphithi kusehla kusiya endlini yangaphansi. Kuyayangisa. Kuluhlazo.

⁷⁸ Enye indoda yabuya kimi, kungasikude, futhi yathi, “Mfowethu Branham, abantu bayakuthanda.” Kodwa wathi, “Uhlezi ubakhalimela, ukhalimela abafazi labo, mayelana ngokuba lenwele ezimfitshane lezinto ezinjalo.”

Ngathi, “IBhayibhili lathi kwakuyisinengiso kuye ukuba lakho.”

⁷⁹ Akahloniphi indoda yakhe lapho ekwenza lokho. Futhi khona kuyisibonakaliso esiqotho ukuthi usukile kuNkulunkulu. Khumbula, endabeni kaSamsoni, inwele ezinde kwaku yisibonakaliso somNazari ukuthi wayehlukane lomhlaba, waya

eLizwini likaNkulunkulu. Futhi lapho ugela inwele zakho, bafazi liyalandula ukuthi liyisibonakaliso somNazari. Lihambe eHollywood kulokuphenduka eBhayibhili. IBhayibhili lathi, “Mabanga phuci.” Bona, kuyayangisa, futhi abatshumayeli abatsho lutho ngakho.

⁸⁰ Lindoda yathi kimi, “Kungani ungatshiyi abafazi bebodwa?” Wathi, “Bakubala njengomprofethi.”

Ngathi, “Kangikaze ngithi ngingumprofethi.”

⁸¹ Wathi, “Bakubala njengalokho. Bafundise ukuthi bamukele njani izipho zikamoya futhi benze enye into. Kufanele ubafundise izinto ezinkulu, izinto ezinkulu.”

⁸² Ngathi, “Ngingaba fundisa njani ialgebra lapho bengeke bafunde amaABC abo, ukuthi bephile ngokuhlonipheka ngakho? Uza kwenza njani? Yebo, yana phansi entweni yakuqala.”

⁸³ Umnyaka ngomnyaka, udabula izizwe, futhi kuba kubi sonke isikhathi. Kulenye into embi kwenye indawo, kakukho kanye leLizwi. Akumangalisi asikwanisi ukuba lomlilo wemvuselelo uvutha. Sifuna isikhathi sokuhlansa indlu. UNkulunkulu kasoze enze lokho size siphenduke njalo. Sifuna isikhathi sokuhlansa indlu.

⁸⁴ Futhi lawe ndoda, uvumela umkakho enze into enjalo, agqoke okabhudula! Labo akusibo maMethodisti, Baptisti. Leyo yiPhentekhosti, kunjalo, “isimo sobunkulunkulu, Isikhathi seBandla leLawodikeya, ubuthukuthuku,” Phentekhosti ngebizo, yikho kuphela. Phentekhosti kayisilo bizo, yisehlakalo sobhaphathizo lukaMoya oNgcwele, lokho okuhlansa abantu. Kakumangalisi singeke sibe lenkonzo zokusiliswa okukhulu lezinto, kulento ehambe kubi kwenye indawo. NguSathane, usibone siphandle sizama uku . . .

⁸⁵ “Awu, singakhuluma ulutho mayelana ngakho, bazantshintsha ukuba lilunga kwabo.”

⁸⁶ Khumbula, kawumbambathi amaKhristu. AmaKhristu amangelengele. Bangamadoda labesifazana bakaNkulunkulu, abamela uNkulunkulu, kungenani lokuthi omunye umuntu uzakuthini. Awudingi ukubacela futhi lokubancenga, futhi ubabagcobe amakha futhi uhambe ubatotoza. Lezo yizilimo zasemangilazini, ezixutshanisiweyo, kazilunganga lakancane, kazisoze zithele ulutho.

⁸⁷ Kuyangikhumbuza, njenge . . . Manje kuzakuba yisikhathi sokwakha izidleke masinyane. Nginanzelele inyoni ezincinyane lamuhla, ngaphetsheya ngale, inkonjane ezincinyane zibeka utshani ezidlekeni zazo. Kakuyikuba kude zize zenze izidleke, zisenza amaqanda azo amancinyane acacade. Liyazi, inyoni encinyane ingaba lesidleke samaqanda, futhi ingahlala kuleso sidleke samaqanda, futhi siwaphendule imizuzu

yonke emilutshwane; ithathe inyawo zayo ezincinyane futhi iwaphendule, futhi ihlale khona lapho. Manje, nxa ingawatshiya lawo maqanda aqande, emva kokuba eseke akhudumaliswa, angeke acacade. Futhi nje iyaphapha ihambe ithole ukudla okugcwala umlomo, futhi iphenduke kiwo njalo.

⁸⁸ Futhi liyakwazi, lowo mama omdala wenyoni, ingahlala lapho kulawo maqanda, futhi iwaphendule kuyo yonke imzuzu emibili, futhi inga...loba ukuzinikela lokuzila ize ibelusizi ingakwanisi ukusuka esidlekeni. Kodwa ngaphandle, khona-ke, lowo mama wenyoni ahlangele lenyoni yesilisa, lawo maqanda akayi kucacada. Kungelani lokuthini, ukuthi uwatotoza okunganani, awayi kucacada. Ayahlala khona esidlekeni abole.

⁸⁹ Futhi nxa kwaku lesikhathi leso iPhentekhosti ifanele ihlangane leNdoda, uJesu Khristu; ngoba kasitholi lutho kodwa isidleke esigcwele amaqanda abolileyo, belandula uKholo, besiya kuKhansili yezeNkolo, futhi bekubiza izinto ezinkulu, ukuhlala duze lopapa, futhi besithi “ngokukamoya.” Yini uhlopho lomhlaba, lina bantu bePhentekhosti? Kalikwazi iBhayibhili lakhuluma izinto lezo zizakwenzakala? Futhi siyaklabalala ngoba amaMethodisti lamaBaptisti ayangena phakathi, futhi-ke ezinye zonke izinto lezi njengalokho. Kalinanzeleli ukuthi lapho intombi ezileleyo zibuya ukuzothenga amaFutha, kwakuyilo lona lelohola uMyeni abuya ngalo? Futhi kabazange bawathole amaFutha! Liyazi, uHlwitho luzabuya ngokufihlakeleyo, lokuhamba, ezinye zalezi izikhathi, kawusoze ngitsho ubekwazi ukuthi kwenzakale. Kuzakube sekungasekho, futhi uzakumangala ukuthi kuyini okwenzakeleyo.

⁹⁰ NjengoJohane wabuya emhlabeni. Futhi bathi Kuye, bathi, “Awu, iBhayibhili lathi, uEliya kufanele abuye kuqala.” Wathi, “Usevele wabuya, futhi kalizange libekwazi.”

⁹¹ Ngakho kuzakuba njalo, ngolunye usuku, bazakuthi, “bengicabanga ukuthi lokhu kwakuza kwenzakala isikhathi sokuHlupheka singakafiki. Ngacabanga ukuthi uHlwitho luza kwenzakala.” Amazwi angaphenduka, “Sekwenzakale futhi kawuzange ubekwazi.” Uh-huh. Kungabe seskuseduzane kulalokho okukucabangayo. O, vukani, bandla! Kungcono ngikutshiye lokho; kangizanga lapha ngibuye lapha ngijonge imfundiso, ngicabange nje ukuthi ngizakubhobozela phakathi lokho nje ukuze libe lalokho eceleni.

⁹² Khumbula, mfowethu, Sathane usebonile inhlelo lezi ezinkulu, ibandla elilodwa lizama ukwedlula elinye, enye inhlanganiso yesonto izama ukwedlula enye, besiphula konke ukungafundi lokubapha isivivinyo sengqondo, ukuba babe lesazi sowezenqondo ukuhlola umuntu engakayi enkundleni zemishini. Phentekhosti! Hatshi, lawo—lawo—lawo akusiwo amaPresbyterian, leyo yiPhentekhosti. Isivivinyo sengqondo

siyafunakala seqembu elithile lePhentekhosti, iqembu elikhulu, ngaphambi kwamamishinari engakayi enkundleni.

⁹³ Aluba babe lokuvivinywa okunjengalokho? Bathola isivivinyo. Kwaku yisivivinyo sephentekhosti ekuqaleni, lapho belindile endlini yaphezulu kwaze kwabuya uMlilo lapho uvela Phezulu, futhi aMandla kaNkulunkulu. Leso kwaku yisivivinyo.

⁹⁴ Hatshi okomhlaba, isazi sezengqondo esidakwe okuyingxenye simile lapho sizama ukwenza ingqondo, nxa ulokhe usase lamadlabuzane kancinyane, kumbe enye into, uthi, “Awukapheleli.” Lapho, kuyatshengisa ngokuqotho ukuthi indoda engekamoya ngokwedlulisileyo iloquhuqho, kufanele abekuleso simo ukuze angena Kukho. Ngakho nanko-ke, bona, futhi nje utshaphaza lokho uNkulunkulu akade ezama ukukwenza okweminyaka, futhi babuye khona ngemuva kanye lenhlelo zabo futhi lezabo ezinkulu. . .

⁹⁵ Futhi bayakhuthazeka lapho bebona abantu abanengi bebuthene ndawonye. Uthi, “Nxa ngingabenza bonke amaAssemblies! nxa ngingabenza bonke amaOneness! Nxa ngingabenza bonke amaMethodisti!” AmaMethodisti azama ukubenza bonke babe ngamaMethodisti, amaBaptisti bazama ukubenza bonke amaBaptisti, amaPhentekhostali bonke amaPhentekhosti! O, kakula ongakwenza, uNkulunkulu wagcoba labo kusukela ekudatshulweni komhlaba. Kufanele sitshumayele iVangeli. Yikho kuphela. Kodwa, inhlelo zethu ezinkulu, sisukile sahamba singela lowoMlilo. Sisukile sahamba futhi sazenzela umlilo owenziwa ngekhlanya, njengalokho okwakuyikho.

⁹⁶ Futhi isikhomanisi sethu, manje sesisesaba kakhulu, isikhomanisi sesingenile phakathi, “Kuyini okuzakwenzakala?” Kodwa, uyazi, into enkulu akusiso isikhomanisi. Ngivumele ngikutshela lokho khathesi, kangesabi isikhomanisi.

⁹⁷ Kodwa lokho engikwesabayo, lina maPhentekhosti, leyiKhansili yezeNkolo izalithatha. Yiyona into. Izabumba uphawu lwesilo, futhi uzakufanele ungene kulo. Ngoba liyinhlanganiso, kufanele ungene phakathi kumbe phandle. Yiyo into, futhi loba loba nguphi, olengqondo, umuntu kamoya uyakwazi lokho. Sifuna obunye ubufakazi phezu kolwandle, siyakuthola khona khathesi. Futhi iPhentekhostali yethu, iyakuginya nje, iwuka, intanbo lesicwiliso, “Kuyinto enkulu okuzakuba yiyo.” Lapho, iMethodisti, iPresbyterian, iLutherani, ichurch of Christ, lamaPhentekhosti, kuzamele ulandule—ulandule imfundiso yakho enkulu yesipostoli, ukuba phakathi lapho. Kuzamele benze into efanayo. Kawuyi kuba lolutho lokwenza phakathi kwakho. Konke kuhlanyela kanye leRoma, khona nje kanye okutshengisiweyo. UMBhalo watsho njalo.

⁹⁸ Luyini uhlupho ngabatshumayeli labo abavumela izinto lezi zingene kulesisimo, bengaxwayisi abantu? UNkulunkulu uzakubiza ezandleni zabo. Khona phakathi kulesi sikhathi sohlupho, babe phakathi kohlupho, babekulo. Isikhomanisi kasingeni phakathi; yiKhansili yezeNkolo ezaginya ixuku lonke. Futhi khumbula, lapho usithi, “Awungeke...” Kuyenzakala, manje-ke akusela sikhathi. Usuvele wathatha uphawu lwesilo. Usungowalo khona-ke.

⁹⁹ Kungcono ufike lapho ongakubalekela khona usuke kukho khathesi, yebo, mnumzana, unanyekwe eMbusweni kaNkulunkulu. UMzimba kaKhristu nguMzimba ofihlakeleyo kaKhristu, lowo obhaphathizwe phakathi Kwawo ngoMoya oNgcwele; hatshi ukujoyinelwa Kuwo, ungeniswe Kuwo, ukhulunyelwe Kuwo, ukhulunyelwe ngendimi phakathi Kwawo, umenyazelwe phakathi Kwawo. Uzalwa phakathi Kwawo, ngoMoya oNgcwele. Kunjalo. Qiniso.

¹⁰⁰ Manje siyananzelela lezi zinto, uhlupho luza khonapho. O, udeveli wakhangela futhi wathi, “Uh-huh, sebesuke bahlanhlatha iganga, baphandle lapho nje beseqa phezulu laphansi, bememeza, besiba lesikhathi esikhulu. Liyazi ukuthini, khona manje yiso isikhathi sami sokubagalulisa. Ngiza khwitshiza phezu kwabo khathesi.”

¹⁰¹ Ngakho waphakama phezu kwentaba futhi waqalisa ukuvuthela umoya wetshefu, whew, “Insuku zezimanga sezedlula. Phezu kwakho konke, ngiyakholwa abantu laba bethukile. Ngicabanga bafanele ukuba lo-lo—lokuhlolwa kwengqondo bengakayi enkundleni zabezizweni.” AmaPhentekhosti! Uh-huh. Bona umoya wakhe wetshefu ubulala iLizwi, “O, ngicabanga ukuthi ngenye Into, ngi—ngiyakukholwa...” Bona, kubuyela khona nta emuva njengezinye zonke inhlango zemasonto ezakwenzayo, leyo yiyo kanye indlela abayihambayo. Bazaku, iyakubulala. Lona kanye ihola likuhlela, lokho kuyakubulala. Kuhlala kukubulala. Kuzahlala kukwenza. Akusoze kuvuke futhi. Akukaze kwazakale embalini. Ku—kulesiSikhathi seBandla leLawodikiya, uKristu waye phandle kwebandla, eqoqoda, ezama ukungena phakathi. Futhi abangeke baKumele. Abangeke baKulalele. Manje siyathola, ihola esiliphilayo, uhlupho selungenile.

